S 61. (1) K13/ A4/3/21.

1b Cunu history and customs K 13/21

F. Vilakazi.

## Amacunu.

1 Amacunu akhe phakathi ko Tukela (Tugela river) ne mphofane (Mooi river). Inkanto yakhona ingaphesheya ngo Tukela. Ibizwa ngokuthi Umsinga.

Ukudabuka kwamaCunu.

Umacingwane inkosi yokuqala yama Cunu wakhonza kwa Zulu. Wabuye wabaleka kwa zulu waye wakha Ondini. Uthena esondini wafa kwa sekuthi indodana yake uPhakade yaphind la khona kwa Zulu yakhonza. Uma Cingwane wayekhona ngesikhathi kubusa uTshaka kwaZulu. Uthe esebuya uPhakade wafuma nise uMpande akahlalanga ngoba uMpande wayelwa nendodana. uSebaleka uPhakade ewela

2 uTugela. Uthe uma ewela wafumanisa abakwa Dumakude. Inkosi yabo kwakuwu Latha.

uPhakade ufike banga senayo inkosi abakwa Dumakude. Aba kwa Dumakude ngesikhathi sika Tshaka babakhe eDudeni nenkosi yabo yacindezelwa uTshaka waya phuca impahla yayo yaze yayo konza kwa zulu nayo. Kwase kuthi unondabula wakwa Dumakude inkosi ya menza inceku yase se ohlweni uDingane. Uthe uma esifile uDingane wabaleka naye uNondabula uDingane. Wathi kuye Nondabula hamba uyobeka amankengane anganngeni kwa zulu, emazibukweni onke

3 emifula. Wabuyake uNondabula kwase kuthi ukuba amubone uNondehdo wakwa Dumakude umfowabo ukuthi uthi usekhona mfo ethu na? basebeceba icebo lokubaleka kwathi musukwa bethi bayabaleka kwakhona impi yathi abaye emahlabathini futhi kwazulu. Inkosi yathi uNdondo uyena oyobakhombisa amazibuko. Kwathi uma kunjalo wathi uNdondo ku Nondabula mfowethu hamba wena uyolala nempi ngoba awuna ngane. Wavuma uNondabula. Wathi ngofika ebusuku ngikubize. Nebala wafika wathi Nondabula, Nondabula vuka. Wathi asilele umntwana ekhaya kusho uNdondo enza isu lokuba babaleke. Wathi uyagula ingane. Thatha umukhonto uyobula.

4 Sebewela bewelela eMgwayebeni ema Bunwini. Sebefika enkosi yakwa Nxamalala. Behlula kwa Nxamalala baya ema bomvini abakha nama bomvu bakha bodwa hen ena nkosi abakwa Dumakude kulenkathi.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Ukufika kuka Phakade.

Uphakade wathi uma ebaleka kwazulu inkosi yathumela impi ukulandela. Uthe uma afika nga Phesheya ko Tugela uNdondo esehambi eyokhonza kuyena ngoba emasi ukuthi uyinkosi uPhakade. Phoke uthe UMpande uma etumela impi bamuhlehla abakwa Dumakude. Wadumala uMpande yaphinuela emuva impi yakhe uPhakade esethola
5. ukwakha. uPhakade esenqumela/izilwane. Enye insizwa yakwa Dladla uMdeywa kwathi ihamba ekusenikuse Mpondo zankomo wunule iphelele iyo kweshela kwa Nxamalala iphuma eThulwini lwezulu ngapesheya kweMpofana izangane no yaphamba nezinja ezimbili, kuthiea kwafumaniswa ngezinja zindindi lizile maduze nendlela. Insizwa yona amange isabonwa kuthiwa kule yqndawo kwakwenile, kusole ka ukuthi kune ndhlodhlo khona. Phoke lensizwa kusobala ukuthi yashaywa iyona mdlondlo kanyenezinja. Akwaziwake ukuthi yona yadliwa yini kusobala ukuthi yadliwa izilwane. Kwaphela izinsuku ezintathu ifunwa ekhaya kwabonwa ngazo izinja.

uNomawisa umfoka Ndondo Dumakude eshinga elikhulu lathi
6. lihamba livela kokweshela labuya sekukwalele yahlngana nama nkentshane emabili kuthi waloku yayaziwa idumile yaqale yaphelelwa amandla uma eqamuka elande lana. Kwathi esosondele wakhuza uMdeywa wathi: Au, au, afika ukukhulu manga yena kwakhuluma izinzo zakh . Kwafumaniseka elelephansi amabili amankentshane. Kuthiwa yathola izibongo.

Umakhaba zihlangeni,

Usilwi nakeyi zibuthene,

Oxosha inkuzi ezintathu,

Ndondo, Ndondo, onka,

Umlamulankunzi zihlangene. Lizi zibongo uzithole muhlana elamula izinsizwa ezimbili zibejelene ngentombi yakwa Dlamini. ka Nontoyi entanyane ngoba wafika waithatha zasale zimangele
7. yinsizwa./ Kuthena kusuka inkosi uPhakade wabiza zonke izinsizwa ukubona ukuthi amandla akhe asengakanani. Wasuka uMdeywa akaya lapho wahamba ngezakhe izinulela kuthe ukuba bafike konkosi yambuza inkosi ngoba edumili ezweni layo. Akaziwa lapho eshone ngakhona. Yathukuthela inkosi. Yamubuza kuyise naye akamzi ukuthi ashonephi. Yathi kuyise kuhle ~~ashe~~ amutshe afike kuyokusasa, nebala wamutshena uyise kwafumaniseka yingeni leyo exinwe intombi ngenzansi kwelase mabomvini.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Ithe isuka inkosi yaphaka impi ukumubulala kanti uMdeywa wayesesohle walala ehlani ya mufuna ayamuthola kwaze kwaphela isonto, ithe isimuthola wayese zancile yamubulala wafa enhlene Mooi River layecashekhona.

9 <u>Uphakade.</u>

Usehlasela abasemaBeleni labantu babekhona ngapheshaya kweMpofane. Abakwa Dumakude babafumanisa khona abalwa nabo abakhonza futhi kubona. uPhakade essindile empini yakwa zulu, esebonile futhi ukuthi asengahlasela, wayiphaka yaphuma ukushona kwelanga kwathi kusa yayi bambene. Kwathi umaseliyo fudumala yakumuka eyamabele. Bayi bamba inkosi yama Bele bayinquma ikhanda baliyisa enkosini. Kwase kuthola kala leli gama lokuthi indluyezi khali kwanyanda. Nanamhla Amacunu uwezwa eshonjalo uma ekhuleka ebonga. Oyena wabamba inkosi yama Bele. Uzavenyane

10 ka Nalowonde inkosi yama bonga ngokuthi makakhe kuleyondawo lapho bekwakhe khona uNgotshane inkosi yama Bele.

AmaBele lana kwaku abantu abangafani nabantu. Ba bemphoshane kungama buusmane kuthe ngokufa kwenkosi yabo bakhukhula impela abaziwa ukuthi bashonaphi. Kuthiwa labantu ba be nganothile kahle impilo yabo kwaku wukuzingela izinyamazane. Futhi babe ngesi sona isizwe esikhulu.

Kuthiwa lendawo yathola leli gama uthuli lwezulu ngoba mukwana ibambene neyama Cunu nama Bele kwasuka uthuli olukhulu ladumafuthi izulu yathi inkosi kusethulwini lwezulu, lana futhi. Athi amacunu ekhuphuka nekhanda leka ngotshane wawusegcala

11 umfula (Mooi River) Uthena akhile uzavebuyane ka Ndawonde. uNdondo kwabafike bantu wayobe thula enkosini waze wathola igama lokuthi uMemi. Ngoba emema abantu kwamanye amakhosi ezenabo kwaPhakade. Umunye uNdondo amethula ku Phakade umfowa Zakwe Uzavolo, ephuma kwa Nxamalala. Inkosi yase isi akhona enzansi ne moi river uzabolo wayenempi eningi kwase kutholakala isifunda sakwa Nxamalala½ Abakwa Nxamalala bayisizwe esikhulu eduze bude no Tugela nasekantolo. Induna yabo uSomsewu yakhe yona esifundeni esinye eThingele.

uMgoboli wakwa Nxamalala ezalwa uZavolo, waduma kakhulu enkosini. Kuthi waye mkhulu enamandla kodwa engelona ~~esulu~~-

12 eslungu. /Kuthi waye bekana nezinsizwa esintathu amasekuliwa

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

noma kudlalwa. Wathatha abafazi abaningi abayishumi ba zola futhi laba bafazi namhlanjena inzalo yakhe iyaziwa ngenxa kayise.

uNzavolo wemuka namanzi eweza abantu kuvelwa kocanguzwa. Kwakucanguza intombi ka Duduza Zakwe. Yayicanguzela oThulwini lwezulu kwa Ndawonde. Uthe ewezwa amanzi ukuthi semabi kwafumaniseka engani kusiza ngoba kwase kusele amantombazane akhe amabili ngaphesheya waphindela uthe buya nawo womabili kwaqamuka ingwenya iza, akhala amantombazane eyibona iza. Akavumanga ukuwa dedela amantombazane kwathi manjalo wa qamuka amahlahla amusunduza kulane ngwenya isifikile wemuka nezingane zakhe.

13. <u>uPhakade nabelungu.</u>

Uphakade welekelela abelungu balwa nozulu esandlwane. Kwathi ukuba uPhakade abone kuthi abamhlophe balwa nozulu wase esebelekelela ngoba naye bamusiza uzulu efuna ukulwanaye ukuze akhe lapha oTugela wasiza amaBunu. Kwathi noma uNdondo emufihla wayesebalekile yena. Lapha esandlwane kwafa amacunu amaningi kwafa nendodana yakhwe uPhakade uGabangaye. Kwathi amasekufe uPhakade kwaphatha uSilwane. Indodana ka Phakade. Usilwane wa dingiswa yena. Kwathi ngempi ka Bambatha uSilwane kwathi musuku kuthelwayo kukhona inkosi emhlophe wagiyisa uMa-

14. jongose wakwa Xakaza. Kwa ukuthi usethukuthele naye akayilalela inkosi emhlophe khona kusukeni kwakhe ekhaya waye thukuthele impela. Kuthiwa bathi uma sebezo hamba bayothela watshisa umubala wamunyama wanjenge lahle. Wabacela nabantu bakhe baphuma bahambake. Kuthiwa kusukela lapho akabanga esaba nesikhumdla esihle uSilwane. Kwathi ehlezi ngolinye ilanga wabona amaphoyisa amahlophe egibela eza emuzini wakhe. Hamaphoyisa ayevela eWincen. Afike athi inkosi iyafuneka e Wineen. Usilwane wabona ukuthi abamhlophe bafuna ukumdingisa kuthi wahamba akabe

15. asabuya. Akaziwa lapho bamusa khona. Abamhlophe kwaseku phatha umzicitwayo. Umuzicitwayo waye engaphilile kahle wase uyafa masishane. Wafa izingane zakhe zisezincane. Inkosikazi kwaku maNgubane kuma khosikazi ka Muzicitwayo. Kwasala umfowabo uGiba. Kepha uMuzicitwayo wathi ku Muzicitwayo uyena oyombekela izingane zakhe nomzi wakhe. uMzikayise kwakuyinceku ka Muzicitwayo.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S. 61



K13/21

Impi yamacunu.

Kwavela ukuxabana phakathi kwamacunu odwa kwakhona izindela nama thelamali. Izindela abadela inkosi yabo bavuma 16. uMzikayise. Amathela abavuna uGiba inkosikazi yenkosi yavuna uMzikayise. Yaladla uGiba umfowabo nkosi. Impi yokuqala yaba Semhlangane kwakukhona nabamhlophe lapha kodwa akekho owaye le lindele impi. Lempi yathatha izinsuku ilwa. Kwathi eka Giba yehlulwa kwafa abaningi abasemacunwini.

uMadloma kwakuyinceku yenkosi. Kuyinduna enkulu. Kwathi uma seyilwa uMzikayise wa phaka impi ikuba iyomubulala kuthi yamgwaza yaze yaliluleka engawi. Kwaze kwafunwa owasemaCunwini ukuba amkwaze. Kuthi wafa nabaningi Kuthi waye nesebamu kwathi uma esehlleka ngaso wahlaba ngomkhonto kidempi abanye babe dubula ngesi bamu. Namamhla kusekhona abandlulo kuma thela nezindela wadingiswa uGiba no Muzikayise.

17. Ubulawayo.

uBulawayo inkosi yamacunu ephethe manjena lenkosi ibambile ibambele uSimakade yena ezalwa ikosikazi. Unina akusiyena awo kuqala kodwa noko uyise wamenza inkosikazi uzala uSimakade. Usimakade uyafunda e Edendale College usemuncane. uBulawayo naye uzalwa uyena uMzicitwayo kodwa unina akayona inkosikazi. Naye wabamba emuncane waze wabekelwa umuntu ukuba amubasobe ebukhosini bakhe. Kwabekwa uSigojwana onanamhla esamusiza uBulawayo.

Kwathi ngesikhathi kubusa uBulawayo yaqala indlala enkulu 18. impela. Labalela ilanga kwafa izinkomo nezimbongo namahasi nabantu ba thutha baya ezinkangala eGreytown. Bexo hwa iyona indlala. Sekuhambe kwahamba sebe buya abanye. Phezukokuba kukhona umtathe awusiza ngalutho kulendlala izinkomo zazi gaulelwa amahlahla lize liyoshona muntu ezimele.

Kwase kuvela impi phakathi kwezinduna ezimbili. uMtwalo zulu wazala uMeleli Zulu. Umtwalo kwakuyinduna yenkosi yafa. Yayakhe ngophesheya kweNpofane (Mooi River) Yathi ingafa kwa phatha uMeleli Zulu. UzaGiyane Mcunu kwaku yenduna ka Mtwala Zulu wazala uSomthekwane. Sekuvela umubango ku Meleli no 19. Somthekwane. Sebehlukana phakathi abantu. Lempi yalwa ngesonto emini. uMeleli kwaku swelekule ukuba abeyinduna. Kuthiwa yahlangana kwakhala izalukazi izazi bukela emakahya ngoba yahlabana emini.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Kwafa abaningi abakwa zulu abantu kwathi ebusuku amacunu a buya ukuzoba cuya. Baba cuya baba cuya. Babanjwa bonke labo abobe sempini kwasinfa ababe gula kuphela. Nanamhla abaseMacunwini basa phakathi eGelo abakwa zulu basando phuma khona manjena. Leso isililo sekhulu impela kubantu bakwa zulu.

Kuke kwathi ngomhla 27Th August 1938 kwezwakala amanga ukuthi

20 amaCunu avembezele abakwa zulu. Kwaze kwathunyelwa umfana ukuba ayokwasiza abakwa zulu ukuthi kuyaliwa lapha amacunu nabakwa zulu. Kodwa akuvelanga lutho kodwa bona baya zingelana. Bayafunana impela muhlambe bazo tholana muhlaumbe bangatholani. ~~Labnt~~ Labantu bakhelene impela kodwa behlukwaniswe imfula phakathi kwabo. Kuyeye kuthi nase musindweni bahambe ngoku bekana emehlweni njengezi ndela nama thela abasafunana futhi. Kodwa ke kukunye ukubodlela emusweneni njena akusenaku vela lutho. Abakwa zulu bakhele amaphulazi. Abananganе ezifundayo amabeshu odwa kanti amcunu axubile izingazawo ziya funda futhi.

21 <u>Umfundisi u Otto.</u>

Lomfundisi indawo yokwakha wayithola ku Phakade. uPhakade wamubeka iduze nomfula ngoba azi ukuthi umlungu uphila ngesinhlazi. Kwahamba kwahamba wanda umuzi ka Otto. Majena inzalo yakhe igwele phakathi kwa macunu isinezi ntolo nemsebenzi eminye emihle kubantu. Kukhona nama orange kulendawo. AweGunda.

iJuda liwaphathisane namasotsha aletwa uGulumeni ukuba azokwakha lapha eMuden. Kwa ukugena kwabo abamhlophe kulendawo. uOtto wa zinqumela indawo wathi wayi ~~z~~inikwa inkosi namhlanjena

22 indawo engaphesheya eyama Juda namadodana ka Otto. Phezu kokuba kunjalo abantu abakuleyo ndawo abayo inkosi yama cunu. Abafundisi abafikisa ukholo kulenda ama Luthela. Asanezimission kuyolendawo, Kwadwa ngendaba yemfundo awavumanga ukukhanyisela abantu baba fundisa ikhethekizimi kuphela abavumi kuba fundisa nokufaka isikolo zawo kwa Hulumeni. Asaminyaka amaluthela azanza izimission zawo lapha kodwa umusebensi wawo awubona kali. Awavumi izingane zifundiswe athi nawo zobunguka. Angimission ezitathu lapha eyokuqala ise Muden, eyesibili eThembini ngase

23. Keats Drift, eyesithathu ise Mhlangane. Into kuwo wonke lama mission kukhona izikole (Private Schools)

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S.61



K13/21

AmaRoma. Ukugena kwamaRoma kulelizwe kwathi uMalcus Nxele wa
thatha intombazane eyiRoma naye waphenduka waba iRoma ukuze
ashadenayo phoke kwaloku kufika uM·undisi ephuma eEtscourt
ezoba zontisa kwaze kwaphenduka wonke umuzi wakwa Nxele. Kuthe
kunjalo amadoda akulendawo alilangana afuna isikole kwa
Hulumeni wawa vumela uHulumeni wathi ma/wake indluukuze alethe utisha
kwase kuvela uMfundisi Brian wamaRoma wacela ukuba abakhele
24. indlu bavuma wabakhela indlu ngoku shesha waletha konke oku
swelekile izithulo sase sima ngaye isikole nanamhlanjena senga-
nyelwe uyena uMfundisi wama Roma. Seyi Govt. Aided School.
Isonake lesisikole esisize abantu ngoba izingane zabo sizikwazi
ukubala. Ezinye ziyafundisa amaPrivate Schools. Ezinye
zisekolishi ziyafunda. Futhi ilona sonto lena bantu abaningi
namhlanjena kunamanye amasonto ekusukeni izingane zezangoku
mfifa nokho namhla kungcono ngoba utisha sebeba bili ngabe
sebeba thathu phoke izingane zibuye zihambe zingoka gcini.
Sineminyaka e(eight) lesisikole sakhiwa kuswelekele ngabe
abantu sebe nolwazi ngemfundo kodwa phinde.

25 <u>Izinsizwa uma zokweshela.</u>

Ukweshela kuyinto ekhonziwe kuleli la Macunu.
Amakholwa nama Beshu kusafana kulendlela kweshela abafana
abano16 years naba no 15 years sebeshela kodwa kukhuzwe umuhlolo
Amantombazane ashelwayo ano 15 & 16 years kuye phezulu. Intom-
bazane engaphansi kwaloko ayibuki nokubuka uma kugcanguzwa.
Ukuweshela kuya fihlwa kweshelwana ehlane noma emusindweni
kungabonwa abadala. Izinsizwa ziye ziqamele zilindele ukuthi
intombazane iphume iyokha amazi noma iyotheza. Insizwa
izofike iyibambe intombileyo ngoba uwe ukwensiwa kwakhona.
26. Uma entombi lena bse iyibamba phela kuze kuhlwe/ithathe noma
utholwentombi uma ukuthi intombi ayithandi insizwa lena
isizelandwa lento noma unina noma uyise wentombi. Kweshelwa
kunjalo iminyaka noma izinyanga. Intombi esheshe yaqoma
bayibuka ubufebe.

Intombi uma seyiqoma itshena ezindala uba ziyiqomele
zona ezeshelini zayo. Sizobuzwa isisheli ezisithandayo bese
zisi faka (iphasi) Ikholwa lefakwa iduku elibomvu, ibeshu ubuhlalu
obensiwe.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Bese kubizwa imali esokeni kusukela ku £1 ku goine ku £2.10 uma isoka lingazi nale mali intombi kuzo fana nokuthi aliyifuni nentombi ngeke iyekulo kungeko imali esiphumile. Sezizoyi
27 tshena izinye izintombi ukuthi kwenziwa ka/njena. Kothi musukwa isoka lilethe imali intombi isalekhona kulona, ukusuku bonke. Imali lena ithenga izingubo zokulala isoka. Enye idliwe ezinye nayo ziyiphe uma seziqoma. Loku kwenziwa emantombazaneni asaqala ukuqoma. Aseqoma okwesibili akuphumulutho. Uma insizwa ivela kolanga iphasi ziye zishaye isiguku kuze kuse zingalali bese kwaxeka na kwa badala ukuthi ubani useqpnyiwe eyakwa bani. Intombi isizo hlonipha bonke abakubo womfana. Sekuzodlelwana ameva entombi nomfana. Labo abazali babo nezinsizwa nezintombi ameva wutshwala obuvela entombini noma kumfana epha asa abazali bentombi, intombi abomfana. Isivunyelwe leyomtombi
28. ukubuka yona/insizwa isizokweshela futhi iqonyiwe. izinye izintombi. Isizo khetha eyithandayo iyiganise. Emuvako kugana isiyacanguza.

Ukucela intombi kukhetwa umuntu oligagu ekukhulumeni. Use hambake noma babe babili. Baya nomubala wezinkomo abalobola ngazo. Sebezisho ngomubala baqala ngokukhuleka bashoke ukuthi beze ngani. Nentombazane isizo buzwa ukuthi iyabazi yini labantu ishoke noma ca noma yebo. Uma mhlaumbe ayebathandi ithi ayibazi. Uma ibathanda isivuma. Sekukhulunywa ke kulungiswa kuze kucanguzwe baye babize ungqaqama zinyo £3 nesibizo £10 nezinkomo eziwul 10 zibe u 11 ngekanina. Uma loku kungaka phumi ayicanguzi intombi nama kholwa enzanjalo. Asanye njalo angayibizi imvulamulomo u£3.

29. <u>Ukucanguza.</u>

Ima intombi izocanguza isuke isiganile kusuke sekuphume konke okuswele kele kumkwenyane. Olungisa lendlela umukhongi abakubo kantombi yenake uyisithunywa somkhwenyane. Baye banqume ilanga loku mela intombazane. Sekuzo lungiswa ke ukuphuzwa utshwala nezinkomo zoku hlwatshwa ngalolo suku. Zonke izihlobo zakubo ka makoti zilungise nezimenywa zilungise. Nakuboka mukwenyane kube njalo. Izinkomo azihlatshwa kubo ka makoti zehlatshwa kubo womukwenyane.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S. 61

K13/21

Sebezohambake abakubo ka makoti manje beya kubo kanukwenya-
ne. Bahamba intambama bafike khona kusihlwa bangene ngezintuba
30 izifanele. Uma bengene emuzini abahlonipha bayahlawula. Kuse-
ngakusasa kuhlatshwe inkomo yezintombi lenkomo ihlatshwa ngo
mukhonto izwa imilé futhi uma ingawanga oyigwazile ukhipha
imalá. Uthi eyihlaba izntombi zibe zimile, zibuka zicule zibe
zithi, mayi vuke enye wuke izi ihlatshwa kaningi. Kuthi
emini izinto bi zihambe ziye emfuleni zuyo gqoka. Sekuzo ye
lanfela iznsizwa noyise bezi landela lezontimbi nomakoti sekugedwa
esibayeni kuze kube ntambama. Kwenziwa loku sekumelwe. Kumela
ophoyisa eluyisandla senkosi. Liyaye libuze entombini ukuthi
uyamuthandana? Intombi isizovuma ukuthi iyamuthanda. Segidwake
31 ngakusasa umakoti useyaba impahla. Wabela abafanele izihlobo
zomkwenyane. Nokhongi wabela esibayeni uma seqedile sezomkaka
izintombi ukuba angabaleki uma ekewa baleka umkwenyana uzohlaula.

Amakhola amanye ayamela amanye ashada kwa Mfundisi.
Kumakholwa kuyalwe kugedwe kubo kantombi kuqala bekukanjwa
kuyiwa bubo bamkwenyane ngakusasa. Nalapho kugidwe futhi.
Kungabe kusamelwa kuqala ngokuyiwa kwaMfundisi kulandwe incwadi
bese kuyiwa enkantolo manjenake uMfundisi usezoyo ba hlanganisa
esontweni. Emwa kwaloko sokuyogidwa ekhaya kubo kantombi.
32 Kuqala umakoti umasekuphele konke loku useyaba. Seku zothi
izintombi ahambanazo sezimulungisisa indlu ngakusasa. Uma kuse-
hlobo ngesikhathi sokuhlakula sezuyo hlakula insumu kamakoti.
Umkwenyane azihlabele imbuzi noma emvu. Sekuzosala izimpelesi
zikamaketi zahlala inyanga emzini zisiza umakoti ekuhlakuleni
nasekugayeni. Umkwenyane uyazi kalela ishumi iyinye noma imbuzi
iyinye. Uma sekuphele enyanga umakoti uyahamba ayekubo ayocymela.
Uhlala isonto kubo kuphela uzehlala kwakhe manjena umakoti agale
azile ukudla ukudla kwase muzini kuze kuphume imbuzi amasi
futhi nawo awazile aze aphiwe inkomo yakhe yamasi nokhezo.

33 Ndwendwe: Kuyekuthi mu intombi isizochanguya ihambe intombi
leyo iyekohlala emzinii inyanga yonke ihambe nezinye izintombi
zifike ziyibeke zibuye ziyishiye kona abusenizinike bayise izi-
nnkomo kubokantombi zizeziphelele besekuthiwa ayihambe intombi
iyogaya utshwala akuhambi yona kuthunywa umbiko (message) kwaba
kubo bugciywe bubebuningi, bafikeke abakhwenyana nayo ~~itn~~=

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

intombi le bahltshiswe inkabi enkulu nezimbuzi eziu 8(eight) besebefika badlalake badlale baphuze utshwala baule nenyama bagide abakubomakoti habakhwenyana nabo bagide kuthi labo abakhwenya balala amalanga amabili kuse bahambeke, kothi ngesinye isikhathi babuyeke bazolanga udwendwe.

34. <u>Umchanguzo Marriage:</u> Kuye kugaywe utshwala kubokandoda umkhwenyana (bride groom) Kuqalwe ukufumahubo abazowasho mhla kushadwayo nhlangothi zombili umthimba nekhetho kufundweke beseku gaywa utshwala ke ngakubo kandoda umkhwenyana isihambake intombi noyise bayise khona emzini kanye nezinye izintombi nezinsizwa bafike ntambama selishonile ilanga badle utshwala nenyama kuthi ngakusasa ziqimbe izintombi zingene esibayeni sezinkomo zigide lokudiga kwesintu bese kuthi ukushona kwelanga uyise wentombi nephoyisa bayimeleke kuthulisiwe bonke abantu beselibuza limemeze kakhulu iphoyisa lithi Uyamthanda na? Kuze kube ka bili kuthi ngokwesithathu ivume itombazane ngokuphakamisa ummse
35 bese bethi bonke Wule! that is (Hurrah) besekehubake manjeke badanse (dancing) baphuze utshwala babuye bagide futhi bayaphuza njalo kuthi kungahlwake bayeke besebehlala bazidlele utshwala kwesinye isikhathi kufike enye impi izobashaya bayishaye nabo ishayane bayixoshe ibaleke babyeke ke babuye kugijime bonke labo ababekwe enkantolo balamule bangavumi kuliweke balimafane abanye bafe, kubizwe abelungu baze bayeke nje mabengasathandi abalanyulwa abaelungu, bese uyise wentombi athathe inkomo ahambe nazo kube ku phela ke.

36 <u>Ukuphuza utshwala:</u> Makuphuzwa utshwala lapho kulowo muzi labenziwe khona umnuzane wakhona agambe ebisa abangane bakhe nezihlobo zakhe ukuba zizophuza utshwala buvama ukuvovo ekuseni kungakasipho abantu bezwa kanye laku notshwala khona baqala ngamunye ngababili ukufika lapho emzini otshwaleni bahlale nje bathule baxoxe indaba kothi isikhashana ofike umnumzane athunge ukhamba hlaumbe unsishana akhamba loku luphuma masekufike abaziwayo, k buphuzweke kancane, kancane, kuxoxwa izindaba kukhunjulwe nezindala zaokhokho bade baphuza nje babuye babeke phansi uyangane ongenayo anikwa indawo laphaya ahlale
37. alindele ukuba bamphuzise bamzekise indaba nje naye luzelufike kuyeke naye ukhamba lolo aphuze naye adlulisele kwabanye

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

luze lupheleke, lezizinkamba zithungwa nje zinabaninizo kuthiwa lolu olukabani lolu olukasibanibani njengokubabiza kwakhe naboke baphuzisa abathandayo abantu bafika njlao ngabangaki ngabangaki kuze kugwale indlu abanye bakhishelwe pandle bayophuzela khona zithungwe izinkamba zilandelana kuthi loyo ozizwa esesuthi a hambe, budliwe baphele ngalo lelo langa nje ngoba phela ibona kudla kulelizwe abakudli ukudla be ngaphuzanga utshwala futhike utshwala lobu budliwa amadoda ai amakhosikazi wona enzelwa
38. isibebe kuthwa amavovo aphekwe avutshelwe nawo njengatshwala utshwala lobu bubuphuza ma babunikwa amadoda izosuka nje enye indoda ithi masibanibani wazophuza lalowo ithanda ukuniphuzisa kuthi masebesuthi baqale manje ukuhamba amahubo abo bagwiye kubenjeya sebejabule beneme kuchithekweke.

39 <u>Ukungcaba burrial:</u> Uma kungwaba umuntu efile kwenziwa kanjo: Thina makholwa senzanjo kuthengwa amaphulangwe (planks) besekuthathwa isilinganiso salo muntu ofile (measure) bayolingani indawo lapho bezamba khona umgodi babuye balinganise amapulangwe azokwakha ibokisi lakhweke ibokisi abanye bamba umgodi lithi lingaphela bamthathe bamfake phakathi sebemgezile bamgqokisa kubizwe labo abathanda ukumbona bamboneke bathi bangaqeda balivaleke ibokisi linqo ngothelwe ngezipikile, kuthike masezayohlhlwa kuzezonke izihlobo nabantu nje ibokisi leli lithathwa amadoda aye alibeke amangcwabeni sefakweke isidumbu emgodi asale amadoda athize afulile. Namaqaba nawo athandayo
40. angcwatshiswa kwamakholwa kiphake wona lana asegcwatshwa isizulu kwenziwa njo, uthi engakufi abatshele ukuthi ababomngcwaba kanjani athi bangabomenalisa ababosuhlalisa aqoshame, kuthi nje usuphuma umphefulo kubekhona abalindile kuthi esoshisa bamgoqongeke ahlale phansi ngesinqe amadolo lana akhutshulwe afike izindlebeni nezandla zafuthi izindololwane zazo zime pheau kwamadolo zithente ekhanda aboshweke asongwe ngengubo yakhe yokulala athathwe ke ancikiswe ngensika esemsamo aboshelwe kuyo kuyembwake kwembiwa umgodi ofana nayolena besekwenziwa ikhona eceleni yona ndlu la ezobekwa khona kuthi phezu ezohlala kahle kubekwe itshe lapho ezohlalisWa khona aladweke kungena
41. amadoda amubili azome mukela amfake kahle engasini leyo bavale ngetshe elikulu emnyango wengosi leyo besekegqibake manje

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

umgodi lo kuthi nasebeqedile babeke amatshe phezulu bahambe.

42. Ukwenza utshala: Uma kuzokwenziwa utshwala kuqalwa kumenywe kweminye imizi izingane zamantombazana ukuba zikelele amanzi Ezindawo la ekhelelwa khona zikude, akhiweke kugcwaliswe izimbiza ezinkulu nezincane besekubuye kugcwaliswa lamabodwe seyacwilwa yakhishwa yagqunyiswa kuba imile kuthi nase imilile ikhishwe lapho ibikade ifakwe khona, yenekwe phezu kwamasaka naphezu kancwecwe ukuba yome, ithi maseyomile kuththwe igogogo ikalwe ngalo kulinganiselwa utshwala lobo obuzogaywa kanjalo futhi kuthathwe amabele nqobo lwayo akalwe nawo ngalo igogogo

43. lelo(paraffin tin) uma kwenziwa utshwala obuncane kugaywa ama gogogo amabili emithombo abemabili amabele, besekuthathwa kulamanzi ekade ekhiwa abiliswe alinganiswelwe ukushisa lezimphuphu ekade zigaywa, kuthike nasebila akhiwe athelwe enhlameni leyo esezi mbizeni kuyekweke kuze kubili kubananyu loko, kuthiwa (kufuthumezela) Kuthi masekumunyu ikhishwe inhlama lena igagwe futhi iciyisweke manje kuqala ibiqhaka ziwe nje lokoke kuthiwa (ukubukeza) Kuthi uma sekuphelile ukubukeza ibuye iphindiselwe khona ezimbizeni futhi, ithi ipubila kancane ngakusasake buphekwe kuthathwe lamabodo amakhulu abemane kuthelwe amazi abe uhafu (half) kuwo anke bese kuthathwa lama obekufuthunyezelwe ngawo

44. asebilile esemunyu athelwe emabodweni kuqungwe ngawo amanzi lawa, lawo mamzi akishwe enhlameni abazwa ngokuthi (igcwele) amnandi lamanzi engathi anoshukela. Kubaswe amphuluke umlilo ngaphansi kwalamadodwe kubiliswe lamanzi aphakathi athi angakila kuthathwe ihlama ngezindishi ithelwe phakathi kugovuzweke njalo kuze kujiye kubenjenge parishi (Porridge) Kuvuthwe kwamanye amabodwe kukishwe kuthelwe ezimbizeni kubuye kukhiwe enye inhlama futhi ithelwe khona emabodweni ithi ingavuthwa njalo yephulwe ithelwe khona ezimbizeni kwenziwa njalo kuse kuphele kuthi nya. Lokoke kubizwa ngokuthi umncindo noma isijingi. Upholisweke uthi nase upholile kuthathwe imithombo

45. ithelwe phakathi kuvutshelwe kukhona obesekuvutshwe ngayizolo okuncane nje okuthiwa isibiliso kuthi ngavutshelwake kuthelwe sona isibiliso leso bubileke, kuthi ebusukwaneni ngakus asa buvovwe, kuthat we izingcazi nezinkamba izincane zamanzi buthungweke bungcwaliswe azo zitsha, obunye bufihlweke kushiyweke obunye bubekwe obala.

END. S. 61

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.